



THE ULTIMATE HUMAN RACE

WWW.COMRADES.COM

UMJAHO WECOMRADES

IFOMU LESICELO SOXHASO 2024

(KUVULELEKE KUPHELA EZAKHAMUZINI ZASENINGIZIMU AFRIKA)

IComrades Marathon Association (CMA) iyazigqaja ngokumemezela ukuthi izoba nohlelo lokweseka abagijimi abantula imali yokungenela uMjaho We-Comrades wonyaka wezi-2024.

IsiKhwama Soxhaso SeComrades kuhloswe ngaso ukusiza abagijimi abanenkinga yezezimali ngokuthi behliselwe imali yokungenela ngokungaze kufike kumaphesenti angamashumi amahlanu (50%).

Ukufaka isicelo sokwehliselwa imali yokungenela, yenza lokhu okulandelayo okubhalwe ngezansi:

(Faka u-X ebhokisini uqondanise nalokhu ozobe usukuphothulile, isinyathelo ngesinyathelo)

- Gcwalisa umnganelo wakho weComrades yowezi-2024 ngokungena kwiwebhusayithi yethu ethi www.comrades.com (Kudingeka ukhokhe uhhafu nokungu-50% wemali yokungenela, uma ugcwalisa umnganelo)

- Gcwalisa iFomu Lesicelo Soxhaso LweComrades **(ifomu eligcwalisiwe kumele liqinisekiswe uKhomishana Ofungisayo)**

Faka incwadi esayinwe ngumuntu oqokwe yiKomidi Eliphethe lekilabhu yakho yokugijima eshoyo ukuthi ulilungu lokuqina lekilabhu, nokuthi futhi bayaseseka isicelo sakho. (Le ncwadi kufanele ibe nesigxivizo esisemthethweni sekilabhu futhi ifake neminingwane yokuxhumana yekilabhu yakho)

Uma usukwenze konke lokhu okubalulwe ngenhla, skena yonke imibhalo uyithumele kule imeyili: entries@comrades.com

Ungakwazi futhi ukuthi uzilethele mathupha amafomu emahhovisi akwaComrades Marathon kuleli kheli elilandelayo:

18 Connaught Road, Scottsville, Pietermaritzburg, 3201

Onke amafomu kumele abe eselethiwe emaHhovisi akwaComrades Marathon **engakadluli uma ziyi-11 Disemba 2023.**

IZICELO EZITHUNYELWE NGEPOSI, ISIKHAHLAMEZI KANYE NANGOCINGO AZIYUKWAMUKELWA



 **mr price sport**

ADDRESS 18 Connaught Road, Scottsville, Pietermaritzburg, 3201

EMAIL info@comrades.com

TELEPHONE +27 (0) 33 897 8650



THE ULTIMATE HUMAN RACE

WWW.COMRADES.COM

IFomu Lesicelo Soxhaso LwakwaComrades

Sicela ubhale kahle nangokucacile futhi nefomu uligcwalise ngokuphelele:

Igama nesibongo: _____

Inombolo kamazisi: _____

Inombolo yocingo _____ Ikheli le-imeyilli: _____

Ngiyasebenza Angisebenzi

Uma usebenza imali oyenza ngenyanga:

R0 – R1500 R1500 – R2500

Igama lomqashi wakho: _____

Imininingwane yokuxhumana yomqashi wakho: _____

Uma isicelo sakho singaphumelelanga, ungakhetha okukodwa kwalokhu okulandelayo:

- Ukukhokha imali yokungenela esasele – Omunye uhhafu osasele ungawukhokha noma nini ngaphambi komhla zingamashumi amabili nesishiyagalolunye (29) kuFebhuwari 2024 ngokungena kwi-profayli yakho yomngenelo ucofe lapho kuqondene khona nokuqedela ukukhokha.
- Isicelo sokubuyiselwa imali – Uzophinde futhi ukwazi ukuthi ucele ukubuyiselwa imali yakho (kuzoncozulwa izindleko zokungenela). Lokhu ungakwenza ngokuthi usithumelele i-imeyili kuleli kheli: info@comrades.com noma uzifikele mathupha emahhovisi akwaComrades Marathon.

Ukukhokhwa kwemali esele yokungenela noma izicelo zokubuyiselwa imali kufanele kwenziwe engakashayi umhla zingamashumi amabili nesishiyagalolunye (29) kuFebhuwari 2024. Ukuhluleka ukwenza njalo kuzoholela ekudliweni kwemali ozobe usuyikhokhile futhi nomngenelo wakho uzohoxiswa ukhishwe ohlwini lwabangenelile.

Ngokusayina leli fomu lesicelo, ngiyaqinisekisa ukuthi konke okuqukethwe ngenhla kuyiqiniso futhi kuyikho.

Isignesha: _____ Usuku: _____



 **mr price sport**

ADDRESS 18 Connaught Road, Scottsville, Pietermaritzburg, 3201
EMAIL info@comrades.com
TELEPHONE +27 (0) 33 897 8650